

# Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English / isiZulu

November 2020 Edition 2

 <p><b>LGBTI rights are protected</b></p> <p>Page 5</p>	 <p><b>STAY SAFE</b></p> <p>PROTECT SOUTH AFRICA</p> <p>TOGETHER WE CAN BEAT CORONAVIRUS</p>	 <p><b>It's never too late to get your matric</b></p> <p>Page 9</p>
--	--	--

## South Africa's economic recovery plan gets going



### Silusapho Nyanda

**A** car parts manufacturing company that is owned by a black woman is on the road to success, despite only starting operations less than two years ago.

Aphelele Plastics makes car suspension bushings and washers – which are supplied to companies that deal in Volkswagens, BMWs and Audis; trolley tyres and newspaper cutting sticks.

Owner Nobuhle Gwala (53) says they make the products from polyurethane plastic material. “The polyurethane bushings and balls are used in a car’s gearbox and for the mounting of a car’s engine.






“We also make rubber newspaper cutting sticks, which are used by newspaper printing

companies to separate the different newspapers as they come off the conveyor belt,” she says.

Aphelele Plastics, which was started in February 2019, currently produces around 100 bushings a day but that is set to double as Gwala’s company has received specialist manufacturing machinery and a bakkie through a government empowerment programme.

Speaking at the launch of KwaZulu-Natal’s Department of Economic Development, Tourism and Environmental Affairs’ (DEDTEA) Operation Vula Fund, MEC Nomusa Dube-Ncube said: “We are handing over bakkies, bakery equipment, catering equipment, animal feed and other machinery to 12 emerging en-

Cont. page 2

	<p>To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:</p> <p> </p> <p>Search for SA Government on Google playstore or appstore</p>	<p><b>CONTACT US</b></p> <p> Vuk'uzenzele  @VukuzenzeleNews</p> <p>Website: <a href="http://www.gcis.gov.za">www.gcis.gov.za</a> Email: <a href="mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za">vukuzenzele@gcis.gov.za</a></p> <p><a href="http://www.vukuzenzele.gov.za">www.vukuzenzele.gov.za</a> Tel: (+27) 12 473 0353</p> <p><b>Tshedimosetso House:</b> 1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083</p>
---	--	--

**FREE COPY NOT FOR SALE**



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO  
SIHAMB A EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



# Elamanqamu kumatikuletsheni wangonyaka wezi-2020

**I**kilasi likamatikuletsheni wangonyaka wezi-2020 seliqalile ngezivivinyo zalo zeSitifiketi sikaMatikuletsheni Sikazwelonke. Sebekuvuthondaba lweminyaka eyishuminambili yokufunda kanye nonyaka wokugcina obuhlungu wokuzilungiselela. Kwabaningi lona ngumzuzu othokozisayo, kodwa futhi ogcwele uvalo.

Izivivinyo zakulo nyaka zizobhalwa ngaphansi kwezimo esingakaze sizibone phambilini. Sikhungathwe ubhubhane emhlabeni wonke. Ukuvalwa kwezwe lonke esakubeka ngoNdasa ukuze sibambezele ukubhehetheka kwegciwane le-corona kwadala ukuthi kamezeka okukhulu kwempilo yansuku zonke futhi kwalahleka namahora abalulekile okufunda nawezifundo.

Ukulelela lokhu kuthikamezeka izivivinyo zangoNhlanguvana zeSitifiketi sikaMatikuletsheni zahlehliswa futhi manje sezizobhalwa kanye nezivivinyo zikaZwelonke zeSitifiketi sikaMatikuletsheni. Bangaphezu kwesigidi abafundi abalindeleke ukuba bazobhala izivivinyo zikamatikuletsheni zonyaka wezi-2020 eziqale kamuva nje.

Lokhu kwenza ukuthi lezi zivivinyo kube ngezinkulu kakhulu esezake zaba khona eNingizimu Afrika.

Iminyango yeMfundo Eyisisekelo ezifundazweni nakuzwelonke kumele ihalaliselwe ngamalungiselelo ayo amahle kakhulu ukuqinisekisa ukuthi izinto zihamba kahle. Lokhu kubandakanya ukuhlolisiswa okuzimele nokomphakathi kwezikhungo zokubhalela



izivivinyo, ukuthola ezinye izindawo ezizothatha inani elikhulu labafundi ababhalayo, kanye nokusungulwa kwezinqubo zokuqinisekisa ukulandelwa kwemithethonqubo ye-COVID-19 ngabafundi ababhalayo kanye nezikhulu.

Ikilasi Likamatikuletsheni langowezi-2020 libekezelele izimo abangaphambi kwabo abangazange babhekana nazo. Kufanele ukuthi basebenzise isikhathi esikhona hhayi nje ukuqedela izifundo kodwa ukuthola amahora okufunda abalahlekele. Yize abanye bakwazi ukufinyelela ezinkundleni zokufunda nge-inthanethi nangezinye izinsizakufunda, abanengi kwakunzima ukufinyelela kwizinsizakufunda nezinsizakufundisa.

Babekezelela ubunzima ngokwengqondo ngenxa yokuhlala ngawedwana ngokwenhlalo, futhi izinyanga eziningi bebezhelelene nabangani nothisha babo. Bebengakwazi ukuba yingxenywe yezemidlalo, imidlalo yokungcebeleka nokuzithokozisa ebalulekile empilweni ekahle futhi ephumuza

ingqondo emva kokufunda isikhathi eside.

Okwamanje, yize benezingqinamba ezibhekene nabo, abafundi bethu bazimisele kuze kube manje ngazezi zivivinyo eziyingqophamlendo yokufunda kwabo.

Bekunzima ngokulinganayo nakothisha bethu. Ngaphandle kobungozi obulethwe yigciwane nezinsizakufundisa ezikolweni zethu, iningi lothisha bethu balisabelela ikhwela lokubuyela esikoleni ukuyohlenga osekusele onyakeni wezifundo.

Basebenza zinsuku zonke ukuze beseke abafundi bethu bakamatikuletsheni. Basebenza amahora engeziwe ukuze basize abafundi bethu bafinyelele ekugcineni, basebenzisa izinsizakufundisa lezo abanazo ukuqinisekisa ukuthi ukufunda kuyaqhubeka.

Ngibethulela isigqoko othisha bethu abebelokhu bekhona ukusiza abafundi babo ngesikhathi bebanding kakhulu. Banikezele ngokukhulu, ngokwabo siqu sabo nangokomsebenzi wabo. Babeka abafundi bethu phambili futhi ngokwenza njalo

kuyaqinisekisa futhi ukuthi othisha bethu bangabanye babasebenzi bakahulumeni bekhethelo.

Lolu bhuhane lwenze ukuthi isizwe sakithi sibumbane ngezindlela ezingakaze zibonwe ngaphambilini, futhi lokhu kubonakale kumalungiselelo ezivivinyo zikamatikuletsheni. Amabhizinisi amaningi abambe iqhaza lokwesekela, asiza ngokuhlazeka ngobuchwepheshe obufana nama-tablets ezikolweni futhi asiza ngezinsizakufunda zobuchwepheshe obuhlukahlukene ezikoleni.

Abasebenza ngokuxhumana komakhalekhukhwini basungula izinkundla zokufunda nge-inthanethi ngesikhathi sokuvalwa kwezwe eziqukethe ukufunda kwamahhala, kubandakanya nokuqukethwe izifundo zikamatikuletsheni.

Abaphothule iziqu zasenyuvesi bahlela izinkundla zokufundisa nge-inthanethi, lokhu kwenza ukuthi ukwesekwa kokufunda okwengeziwe okudingekayo kutholakale mahhala.

INhlanguvana yezokusakaza eNingizimu Afrika i-SABC kanye nabanye abahlinzeki bezokusakaza bukhoma ngomabonakude ama-TV babe nezifundo zokuvala isikhathi esilahlekile zabafundi bakamatikuletsheni ngoHlelo loMnyango Wezemfundo Eyisisekelo lwe-*Woza Matrics*, ukuze abafundi balungiselele izivivinyo.

Kunendaba ethokozisayo yesikole i-Dendron Secondary School eLimpopo, lapho iqembu lothisha abazinikele bavulela abafundi babo amakhaya abo. Ngezinsuku zokuqala zokuvalwa kwezwe, bahlinzeka ngokudla na-

ngendawo yokuhlala kumaqenjana abafundi, futhi babagada ngesikhathi befunda.

Akungabazeki ukuthi zikhona izindaba ezinjengalezi kwezinye izingxenywe zezwe lakithi; zothisha abasungule amaqembu afundela emakhaya abo nabafundi babo kanye nabazali abahlinzeka ngokudla, indawo yokufunda kanye nezinye izinsizakufunda kubangani babantwana babo.

Ngaphandle kokwesekelwa ngabazali, imindeni kanye nomphakathi, indlela yabantu bakithi abasha eya ezivivinyweni zikamatikuletsheni beyizobanzima kakhulu. Siyababonga kakhulu ngokusekela kwabo. Ngaphezu kwezinsizakufunda ezilethwe yilo nyaka, ngicela iKilasi likamatikuletsheni langowezi-2020 ukuthi lilande sonke isibindi namandla alo aselele, elamanqamu.

Kwikilasi likamatikuletsheni langowezi-2020, nginifisela okuhle.

Niphume ebunzimeni obekungalinga ngisho izixazululo zabantu abadala asebedlule kokuningi nabaqinile.

Kule minyaka yenu yobudala, kuningi okubhekwe kunina. Kunengcindezi yokufunda kanzima, ingcindezi yokuphumelela ngamalungiselelo nokuthola imiphumela eniyidingayo ukuqhubeka nezifundo. Kodwa nihambe naze nafika lapha.

Uma ningena egumbini lokubhala izivivinyo ezinsukwini ezizayo, nizobe ningaphethe nje amathemba enu empumelole nalawo wemindeni yenu. Nizobe niphethe namathemba ethu, abantu baseNingizimu Afrika.

Siyazigqaja ngani futhi sinifisela inhlanhla.

# Amalungelo Wabantu Abangama-LGBTI Avikelekile



## Silusapho Nyanda

**W**onke umuntu waseNingizimu Afrika unelungelo lokuphila emphakathini lapho ezizwa ephiphile futhi evikelekile khona. Lokhu kubandakanya abantu abathandana nobulili obufanayo, oNcumbili, Abashintshe ubulili abazalwe nabo i-Transgender, kanye

nabazibona besemzimbeni wobunye ubulili i-Intersex (i-LGBTI).

Abantu abangena ngaphansi komphakathi we-LGBTI, esikhathini esedlulile babe yizisulu zodlame ngenxa yokuzikhethela ubulili abafuna ukubuphila.

Ubugebengu obubhekiswe kumphakathi we-LGBTI sebhulelele ekutheni kwakhiwe amabhodi omthetho amaningi kanye namabhodi azime-

le ngenhloso yokuvikela amalungelo abantu abangena ngaphansi kwe-LGBTI.

Esinye sezikhungo ezakhiwe ukuvikela kanye nokuthotshelwa kwamalungelo omphakathi we-LGBTI Ithimba Lomthetho Likazwelonke (i-NTT) elibhekelele Udlame Oluhambisana Nocansi Nobulili olubhekiswe kubantu be-LGBTI.

I-NTT iyibhodi elasungulwa nguMnyango Wezobulungi-

swa kanye Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo (i-DoJCD) ngokusebenzisana neKhomishana Yokulingana Ngokobulili eNingizimu Afrika; ngokunjalo namaqembu amalungelo e-LGBTI afana ne-Gay & Lesbian Memory in Action (i-GALA); i-OUT LGBT Well-Being (OUT); kanye ne-Foundation for Human Rights (i-FHR) kanye nabanye ababambiqhaza.

Njengengxenywe yomsebenzi wayo i-NTT ngokusebenza nabethimba eliphendula ngokushesha (i-RRT) iqopha, iqophe iphinde isheshise amacala obugebengu benzondo ngohlelo lwezo-bulungiswa. I-RRT yakhiwe yi-DoJCD, uPhiko Lwezokushushisa Lukazwelonke (i-NPA) kanye noMbutho Wamaphoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS) nabamele izinhlango zomphakathi.

Inhloso ye-RRT ukuthi ibheke lawo macala asalindisiwe kanye nalawo macala asebikiwe ohlelweni lobulungiswa lapho ubugebengu bamacala enzondo enziwe kubantu be-LGBTI.

Lokhu kwenziwa ukuze kuqinisekiswa ukuthi amacala obugebengu benzondo abikiwe kanye nalawo asalindisiwe akwazi ukuthi abhekwe futhi aphothulwe ngesikhathi esifanele. I-RRT iphinde iqoqe imininingwane emacaleni obugebengu benzondo abikiwe. Lemininingwane ibandakanya amagama aphelele esisulu, imininingwane ephelile yeselelesi, usuku okwenziwa ngalo lobu bugebengu ngokunjalo nokuthi benzeka nini kanye nokuthi babikwa kuphi.

Inkantolo kanye nenombolo yecala, amaqiniso afingqiwe ecala, isimo secala, imiphumela yecala, imininingwane yokugwetshwa uma kukhona ukulahlwa yicala kuyingxenywe yolwazi olutholakalayo kwi-RRT.

*Lolu lwazi niluthunyelelwa nguMnyango Wezobulungiswa kanye Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo*

**Ngolwazi oluthe xaxa nge-RRT ngena kule webhusayithi ethi: [www.nationallgbtiskteam.co.za](http://www.nationallgbtiskteam.co.za) ukuze uthole lapho kuzinze khona amahhovisi esifundazweni. Noma, shayela i-DoJCD kule nombolo ethi: 012 357 8107 uma udinga usizo ngezindaba ezihlobene ne-LGBTI kanye nobulungiswa.**

# Community kitchen brings hope to Tholeni

## Silusapho Nyanda

**A**rural community has turned its painful past into an opportunity to feed and grow its people, after being thrown into darkness by a serial killer.

The Phumalanga Nutrition and Development Project, which operates from the Tholeni White Door Centre of Hope in Tholeni Village in the Eastern Cape, feeds 120 elderly people living with disabilities and orphaned children.

The centre was started as a community kitchen in 2013, after convicted serial killer Bulelani Mabhayi raped and killed over 20 women and children in the village.

A beneficiary of the Phumalanga Nutrition and De-



**Members of the Phumalanga Nutrition and Development non-governmental organisation serve meals to the community of Tholeni village in Butterworth, Eastern Cape.**

velopment Project, Notheko Mabayi (70), says the village's women started the project due to the impact of poverty in the village. Community members donated R20 per

household for food and equipment.

"The families in our community had lost breadwinners and children were left orphaned by the killings.

After seeing the devastation, we decided to help those less fortunate by starting a food drive," Mabayi says.

When the project was up and running, the Department of Social Development took over the funding of the project, supplying food, cutlery, tables and stoves.

Mabayi says the meals are also helping to curb crime among the youth, as they now have something to eat. "In the past, we had a serious issue of theft, but this has decreased since the programme started."

The meals community members receive are nutritious, containing vegetables, starch and protein, and Mabayi is able to feed herself and her granddaughter. "Tonight, I will not have to cook supper. We will have

enough food from the meal that I collect from the centre," she says.

The non-governmental organisation's deputy chairperson Witness Madondo says the kitchen aims to foster a united community that looks after each other. "The idea was to have a place where the elderly in our community can be looked after and be safe and productive."

Madondo explains that the village's elders also use the centre to participate in skills development and recreational activities, including playing soccer and participating in athletics competitions.

"Our athletics team represented our municipality at the provincial athletics tournament for the elderly in 2018," says Mabayi. **U**